ALUSEKHO USINDISO

UNkulunkulu wamisa uhlelo lokusindisa abantu ngosuku luku

May 21 2011.

Ukuphila ngosuku lokwahlulela ipheshana #2

Ngemva kokusindisa owokugcina okhethiwe, uNkulunkulu waphetha uhlelo lokusindisa kulabo angabakhethile ngokuvala amasango ezulu ngosuku luka May 21, 2011.Kusuka ngalolosuku kusiya phambili,akekho ngisho noyedwa emhlabeni osindiswayo.Ngalo lolosuku uNkulunkulu evala amasango ezulu (amasango angokomoya ayengabonwe muntu ngesikhathi esavulwe, nalapho esevaliwe) Isimo somphefumulo womuntu sagqitshwa ngokungaphenduki.Umbhalo olandelayo uyasebenza manje;

Yathi kimi: Ungavali ngophawu amazwi esiprofetho salencwadi, ngokuba isikhathi siseduze.Ongalungile makenze njalo okungalungile, nongcolileyo makazingcolise njalo, kepa olungileyo makenze njalo ukulunga, nongcwele makazingcwelise njalo.

Ngisho noma yinini kusukela lapho, akukho soni sizokuhlanzwa kumbe, sigezwa izono ukuze sifinyelele umbuso wokukhanya. Ngemva kweminyaka eyizinkulungwane yokuqhubekisa ivangeli ukuze kutholakale izoni ezilahlekile icebo lika Nkulunkulu lapheleliswa.Isikhathi sokwahlulelwa sasesizile emhlabeni, njalo ukwahlulela lokhu kwakuba yikuthi akusekho owayesezosindiswa njalo emhlabeni.Kuso sonke isikhathi sokwahlulela(esilobubanzi kusukela ngosuku luka May 21,2011,njalo ngaso sonke isiqiniseko lugqibela ngemva kwensuku eziyinkulungwane lamakhulu ayisithupha (1600) ngosuku luka mhlaka October 7,20150) ,olungileyo uzohlala elungile njalo omubi uzohlala emubi.Akekho ozoguqulwa Isimo somphefumulo wakhe.

UMBUZO? Ungasho kanjani ukubana inkosi igqibile ukusindisa abantu ngalolusuku? Bengicabanga ukuthi uma umhlaba ungabhubhanga inkosi iyohlala njalo isindisa abantu?

IMPENDULO. Ukuze sizwisise kakuhle lokho inkosi eyakwenza ngokuvala amasango ezulu ngosuku luka mhlaka May 21,2011,kufuneka sazi ngokugcwele uhlelo luka Nkulunkulu olokusindisa.Ngokusho kwencwadi yebhayibheli, wonke umuntu wonile phambi kukaNkulunkulu njalo umfanele ngoqotho umvuzo wokufa ngenxa yezono zakhe kuye.Njengoba wonke umuntu elesono njalo engekho oqotho,akekho noyedwa ongenza imisebenzi emihle ukuze athole kumbe enze uNkulunkulu amsindise.Ngakho,uNkulunkulu ngenxa yomusa wakhe wanquma ukusindisa ingxenye yenzalo yomuntu (ingcosana kubo bonke abantu) ,abakhethiwe nguye ngentando yakhe. UNkulunkulu wakhetha lababantu ukuze abasindise phambili kokuba omunye lomunye wabo azalwe.Uhlelo luka Nkulunkulu lokusindisa kubantu beluqhubekela phambili kuyo yonke imbali yomhlaba kwaze kwaba isikhathi sokupheleliswa kwalo ngosuku luka May 21, 2011.

INKOSI YIYO KUPHELA ENAMADLA OKUSINDISA

Kwabase Efesu 1:4-5 Njengalokho asikhethela kuye ngothando ngaphambi kokusekelwa kwezwe ukuba sibe-ngcwele, singabi nakusolwa phambi kwakhe; wasimisela ngaphambili ukuba sibe ngabantwana kuye ngoJesu Kristu, njengalokho kwaba-kuhle kuye ngentando yakhe,

Ibhayibheli lichaza njalo laba bantu njengabakhethiwe.

1 Petru 1:2 Bekhethiwe ngokwazi phambili kukaNkulunkulu,

Siyafunda njalo ukubana amagama alaba bantu alotshiwe nguNkulunkulu ogwalweni;

ISambulo 13:8 Bayakhuleka kuso bonke abakhileyo emhlabeni, wonke ogama lakhe lingalotshwanga encwadini yokuphila yeWundlu elihlatshiwe, selokhu kwasekelwa umhlaba.

Yebo kalukho ugwalo olubonakalayo olulotshwe amagama abakhethiweyo.Lo ngumfanekiso wenkulumo owenzelwe ukusifundisa ukubana uNkulunkulu nguye kuphela owakhetha labo abakhethayo phakathi kwabo bonke abantu bomhlaba.Le ndlela yokukhetha ilotshiwe ogwalweni lwabaKwase Roma.

KwabaseRoma 9:11-13 Ngokuba bengakazalwa, bengakenzi okuhle nokubi, ukuze icebo likaNkulunkulu eliya ngokukhetha lime, kungabi-ngemisebenzi, kodwa kube-ngaye obizayo, kwashiwo kuye ukuthi: Omkhulu uyakukhonza omncane, njengalokho kulotshiwe ukuthi: UJakobe ngamthanda, kepha uEsawu ngamzonda.

Phambilini kokuba la mawele enze okubi kumbe okuhle, UNkulunkulu wanquma ukuthanda uJakobe kanye lokuzonda uEsawu. Wanquma ukuthethelela uJakobe izono, kodwa ukungathetheleli ezika Esawu.Inkulumo kaNkulunkulu ngokuphathelene lalamawele isinika umzekeliso omuhle wokusebenza kokhetho lukaNkulunkulu. Njengalokho wakhethwa uJakobe kodwa engakhethwana uEsawu, phambilini kokuba bazalwe, lokho kusibonisa ngendlela emangazayo ukubana imisebenzi emihle kumbe emibi yomuntu ayinani nokuba umuntu abe ngokhethiweyo. Yikho incwadi yebhayibheli ithi uNkulunkulu ukhetha ngentando yakhe. UNkulunkulu esazi ukubana abanye abantu bazokuthi ukukhetha ukuthanda omunye kanye lokuzonda omunye akuyinto enhle, waqhubekela phambili waziphendula lezi nkulumo zokugcona:

KwabaseRoma 9:14-15 Ngakho siyakuthini na? Kukhona yini ukungalungi ku Nkulunkulu na? Qha nakanye.Ngokuba kuMose uthi: Ngizakumhawukela engimhawukelayo, ngimzwele engimzwelayo.

Imfundiso yebhayibheli ngokhetho iveza uNkulunkulu njengeNkosi enkulu kukuthi yiyo eyaziyo ukubana yamisa ukukhetha bani ngaphambili.

Imbali yomuntu ingazwisiseka kahle njengokuqhubeka kwesikhathi lapho uNkulunkulu anikeza impilo emhlabeni njengendlela eyodwa yokuqhubekisa icebo losindiso lwakhe kwabakhethiwe kanye lokwahlulela abangakhethiwe. Isikhathi uNkulunkulu asinikeza usindiso saphela ngo May 21, 2011.Kungalesi sikhathi lapho iNkosi yayisiqoqe omunye nomunye wabakhethiweyo bayo, labo abakhethelwa usindiso kungakasekelwa umhlaba. Kusukela ngosuku luka May 21, 2011, sesingene kusikhathi sikaNkulunkulu sokwahlulela umhlaba ngenxa yezono zethu kuye. Sonke siphila ngosuku lokwahlulela.Kodwa, umntwana ka Nkulunkulu okhethiwe yena akahlulelwa njengalokho abangakhethiwe besahlulelwa ngenxa yezono zabo.Okhethiweyo kaNkulunkulu uyaphila njalo ukhona emhlabeni kuso lesi isikhathi ukuze ukholo lwakhe lulingwe phambilini kokuba angene embusweni kaNkulunkulu.

UZakariya 13:9 Ngiyakungenisa ingxenye yesithathu emlilweni ,ngibacwengisise,njengokucwengisisw a kwesiliva,ngibavivinye njengokuvivinywa kwegolide,bayakubiza igama lami,ngibaphendule,ngithi:Bangabantu bami,bese bethi:UJehova unguNkulunkulu wami.

UNKULUNKULU NGUYE OMKULU NJALO NGOKUPHATHELENE LOKUTHI USINDISA NINI.

UNkulunkulu wahlela ukugqiba icebo lokusindisa abakhethiwe ngesikhathi "**sosuku losindiso**". Ngosuku lokuphela kwalezonsuku zangokomoya kwaphela njalo usindiso.

2 KwabaseKorinte 6:2 (Ngokuba uthi: Ngesikhathi esihle ngikuzwile, langosuku lwensindiso ngakuhlangulisa; bheka, manje kuyisikhathi esihle kakhulu: bheka manje kulusuku lwensindiso.)

Isikhathi esihle, usuku losindiso yilo inkosi uJesu okhuluma ngalo kugwalo luka Johane:

NgokukaJohane 9:4 Ngimelwe ukusebenza imisebenzi yongithumileyo, kusesemini; buyeza ubusuku, lapho kungesebenze-muntu

Umsebenzi uKristu akhuluma ngayo yileyo eyosindiso ayinikezwa nguyise ukuba ayenze.

NgokukaJohane 6:29 Waphendula uJesu wathi, kubo: Umsebenzi kaNkulunkulu yilowo ukuba nikholwe nguye amthumileyo.

Kanjalo akumele sikhuthe okusobala okubaliswa ngu Johane, ukubana usuku lwaluzophela njalo ngokuphelele kwalo umsebenzi weNkosi uJesu wensindiso wawungekwazi ukuqhubeka ngobusuku obabuzolandela.Ngalesisikhathi somnyama omkhulu owalandela isikhathi **sokuhlupheka okukhulu** iNkosi uJesu ayisameli izoni.Ukukhanya kwevangeli okwalesisikhathi ngokuphathelene losindiso kucimile umhlaba wonke jikelele.

NgokukaMathewu 21:29 Kepha masinyane emva kosizi lwalezonsuku ilanga liyakufiphazwa, nenyanga ayiyikukhanya, nezinkanyezi ziyakuwa ezulwini, namandla ezulu ayakuzanyazanyiswa:

Ngokudanisayo, icebo likaNkulunkulu lesikhathi sosindiso liphelile, kanye lesikhathi sosizi olukhulu kanye lemvula yamuva, khona manje umnyama omkhulu wangokomoya umboze umhlaba.

UKUDINGA INKOSI NGAPHAMBILINI KOKUBA USUKU LOLAKA LUFIKE.

Kwa kuyisikhathi esaziwa ngokuthi **"usuku lwensindiso"** lapho UNkulunkulu ayenxusa khona izoni ukuba zize kuye zincenge umusa ethembeni lokuba mhlawumbe zingaba ngabangabakhethiweyo.Umutsho olandelayo wawukhuthaza lokho.

UZefaniya 2:2-3 Isimiso singakazali-lolosuku ludlula njengamakhoba-lungakanehleli ulaka oluvuthayo lukaJehova, lungakafiki phezu kwenu usuku lolaka luka Jehova.Funani uJehova nina nonke- bathobekileyo bomhlaba enisebenzile ukwahlulela kwakhe; funani ukulunga; funani ukuthobeka; mhlawumbe niyakusitshekelwa ngosuku lolaka lukaJehova.

Nanzelela, ku Zefaniya 2:2-3 UNkulunkulu Ukhuthaza ukubana abantu badinge inkosi **"NGAPHAMBILINI** kokuba ulaka lwakhe lwehle"

Kusesikhathini esingemva kokothululeka kolaka lwakhe lapho uNkulunkulu elomusa kanye lozwelo ezonini (uma lezi zoni zazingabakhethiwe bayo).Kodwa okusegcekeni okuvelayo yikubana lapho sokuthululwa ulaka lwakhe umusa onjalo ngeze usaba khona ezonini.UNkulunkulu ukuveze egcekeni kulo lonke ibhayibheli ukubana isikhathi sokwahlulelwa akusona isikhathi sokudinga usindiso. Lapho sokufike usuku lokwahlulela (sikulolosuku manje) awusekho umusa, alusekho uzwelo olungengezwa, kanye lesihawu esinikezwa labo abeqe umthetho kaNkulunkulu.

UJakobe 2:13 Ngokuba ukwahlulela okungena sihawu kuyakumehlela ongenzi isihawu; isihawu sizigabisa ekwahluleleni.

Usuku losindiso lwalukhona okweminyaka eyinkulungwane namakhulu ayisitshiyagalolunye lamatshumi amahlanu nanhlanu (1955 years), okwakuyisikhathi njalo sokuqhuba kwamabandla kusukela ngonyaka ka (A.D 33 kusiya ngonyaka ka 1988).Ngemva kwensuku zakuqala **zesikhathi sosizi,** eziyinkulungwane ezimbili lamakhulu ayisithupha zobusuku kanye lokusa (2600),uNkulunkulu waqala njalo ukutshumayeza umhlaba ngo September ka 1994, sekuyisikhathi esibizwa ngokuthi "**iskhathi semvula yamuva,"** Phakathi kwalesisikhathi esifishane esiyiminyaka elitshumi nasikhombisa (17) uNkulunkulu wayezoqhelisa ngokukhulu uhlelo losindiso ngokusindisa ixuku labantu ebeningela kubalwa muntu ezizweni zomhlaba.UNkulunkulu wavula okufihlekile kwemibhalo yebhayibheli ekuqaleni kwesikhathi **sosizi olukhulu** ukuze aveze amaqinisa amaningi amakhulu.Phakathi kwalokho okwavezwa yiNkosi ngokwakuphathelane nesikhathi kanye nokwahlulela. Kwavela ebhayibhelini indlela yesikhathI eyayichaza ngokuphela kwesikhathi esasinikezwe amabandla (May 21, 1988) kanye nesikhathi sokuqala sokwahlulelwa komhlaba ngo (May21,2011).UNkulunkulu wavuka ebantwini bakhe ukufakaza umbiko ka May 21,2011,usuku lokwahlulela kuwo wonke umhlaba, njalo lo mbiko wokuza kokwahlulelwa wasetshenziswa nguNkulunkulu njengendlela lapho uKristu abuyisa abantu abaningi kuzo zonke izizwe ezehlukene.Ibhayibheli lichaza ukubana uNkulunkulu wasindisa abantu abaningi ngesikhathi esifishane lesi semvula yamuva ukwedlula sonke isikhathi esadlula embalini.

ISambulo 7:9-13 14 Emva kwalokho ngabona,bheka ke,isixuku esikhulu

ebesingenakubalwa-muntu,sivela kuzo zonke izizwe,nemindeni,nabantu,nezilimi,simi phambi kwesihlalo sobukhosi naphambi kweWundlu,sembethe izingubo ezinde ezimhlophe ,siphethe amahlamvu esundu ngezandla zawo;Elinye lamalunga lase liphendula,lithi kimi:Laba abembethe izingubo ezimhlophe bangobani,bavelaphi,na?Ngase ngithi kulo:Nkosi yami nguwe owaziyo.Lase lithi kimi:Laba yibo abaphuma osizini olukhuklu,bahlanza izingubo zabo,bazenza zaba-mhlophe egazini leWundlu.

Kanjalo ke, ngo May 21, 2011 isikhathi **sosizi olukhulu** safika emaphethwelweni njalo lemvula yamuva yaphetha.Ngalesisikhathi bonke abakhethiweyo labo ababethunjwe yisono kanye loSatani bakhululwa ngu Krestu.Izwi likaNkulunkulu lase liyiphelelisile inhloso yalo yokudinga zonke izimvu ezilahlekile zendlu yakwa iSrayeli.Bonke abakhethiwe, abakhethwayo phambi kokusekelwa komhlaba, basebesindisiwe.Usuku lwensindiso lwaseluphethile

UNKULUNKULU UVALA AMASANGO EZULU.

Akukho kuthandabuza ukubana ibhayibheli liyafundisa ngokusobala ukubana uNkulunkulu wayezovala amasango ezulu ngosuku lokwahlulela:

NgokukaLuka 13:24-14 Phikelelani ukungena ngomnyango omncinyane;ngokuba ngithi kini:Abaningi bayakufuna ukungena,bahluleke.Nxa umninindlu esukumile wavala emnyango niqale ukuma ngaphandle,ningqongqothe emnyango ;nithi:Nkosi,sivulele,uyakuphendula,athi:Anginazi lapho nivela khona: Lapho kuyakuba-khona ukukhala nokugedla kwamazinyo ,nxa senibona oAbrahama,no Isaka,noJakobe,nabaprofethi bonke embusweni kaNkulunkulu, kepha nina nikhishelwe ngaphandle.

Siyabona kulesi senzakalo ukubana uma umninindlu esukumile wavala emnyango akazanga wawuvula njalo. Ukukhala kwalaba abangaphandle akuzanga kwamfuqa ukubana aphendule umqondo ukubana avule umnyango. Njalo lababantu abavalelwe ngaphandle abazanga bavunyelwa ukungena phakathi bekusimo sabo sokungavunyelwa.

ISambulo 22:14-15 Babusisiwe abahlanza izingubo zabo ukuba bathole ilungelo labo emthini wokuphila, bangene emzini ngamasango.Ngaphandle kukhona izinja, nabathakathi, nezifebe, nababulali, nabakhonza izithombe, nabo bonke abathanda nabenza amanga.

Kwakulusuku luka May 21, 2011 lapho uNkulunkulu avala khona amasango ezulu.Wayesengakwenza manje lokho ngokuba bonke abantu uKristu abasindisayo ngokubafela izono zabo kusukela kusekelwa umhlaba basebesindisiwe.Lapho bonke abasindisiwe sebephephile njalo sebesembusweni kaNkulunkulu, umnyango wezulu wavalwa! Ngakho ke baba ngabaphephile embusweni kaNkulunkulu ngosindiso, Kanjalo nje, njengoba uNowa lemuli yakhe baphepha bephakathi komkhumbi kusukela ngosuku kwaqala uzamcolo.

UGenesise 7;11,13&16 Ngomnyaka wamakhulu ayisithupha wokuhamba kukaNowa ngenyanga yesibili ngosuku lweshumi nesikhombisa lwenyanga ,ngalonalolosuku imithombo yonke yotwa yabhokoka,namafasitela asezulwini avuleka.Ngalolosuku uNowa wangena emkhunjini noShemi ,noHamu ,noJafete,amadodana kaNowa, nomkaNowa ,nabafazi bobathathu bamadodana akhe bekanye nabo;ezangenayo zangena ziyinduna nensikazi zenyama yonke, njengalokho uNkulunkulu emyalile;uJehova wavala emva kwakhe.

Ibhayibheli lihlanganisa ndawonye uzamcolo wesikhathi sikaNowa kanye losuku luka May 21,2011 lona olwaba khona nqe ngemva kweminyaka eyinkulungane eziyisikhombisa(7000) phambi kukazamcolo.Ma sithatha umnyaka u **(4990B.**C (umnyaka kazamcolo) **+2011=7001-1=7000).**Njengoba uMay 21, 2011 wayelusuku lokugcina **lwesikhathi sosizi olukhulu** njalo ewela nqe ngemva kweminyaka eyinkulungane eziyisikhombisa ngemva kukazamcolo,njalo lolusuku lulusuku lweshumi nasikhombisa lwe ***calender*** yamaHeberu lwenyanga yesibili,olufana nqe losuku lapho uNkulunkulu avala khona amasango omkhumbi wasenisa uzamcolo emhlabeni,sinesiqiniseko ukubana uNkulunkulu wafaka isandla sakhe kusuku luka May 21 , 2011njengosuku lapho avala khona amasango ezulu kubo bonke emhlabeni ayengabakhethanga.

Asimangali ukubana abanengi namhlanje baphikisa uNkulunkulu ngesenzo sakhe sokuvala amasango ezulu emhlabeni. Lokho vele kuyimvela yomuntu. Noma yisiphi isikhathi lapho uNkulunkulu eletha umthetho, kuyimvela yomuntu ongasindiswe ukubana aphikise lokho. Abantu benza lokhu zonke izikhathi ngokuphathelene necebo likaNkulunkulu lokukhetha njalo ngaleso isikhathi abantu benza okufanayo ngokubana uNkulunkulu usindisa nini.

Ukuvalwa kwamasango ezulu kuyisenzo sika Nkulunkulu kuhambelana ngentando kanye namandla akhe. Nxa uNkulunkulu evula ulutho (njengoba wenza ngaphambili ngokuvula amasango ezulu ukubana asindise ixuku labantu elalingena kubalwa muntu ngesikhathi sosizi olukhulu) umuntu wayengeze avale, kanjalo uma uNkulunkulu evala ulutho akakho ongaluvula.

ISambulo 3:7...Ovula kungavali-muntu, novalayo kungavuli muntu;

Abakholwa ngeqiniso bayizisebenzi ezithobekileyo.Akusiyithi esenza imihla kanye nesikhathi zohlelo lokusindisa kukaNkulunkulu: Njalo asitsho ukubana le mihla kanye nesikhathi kuzophelela nini ngokwahlulela. Nxa kufika kulokho umntwana kaNkulunkulu ungumlidi emnyango kuphela.

Amahubo 84:10...ngiyakhetha ukulinda emnyango wendlu kaNkulunkulu wami kunokuhlala ematendeni ababi.

Ibhayibheli lichaza ukubana uNkulunkulu nguye kuphela onamandla afanele kanye lesisinde ukwenza le mthetho emangazayo ngobuhle.Libhayibheli elisifundisa ukubana amasango ezulu avaliwe kubo bonke abangasindisiwe emhlabeni. Ngakho ke lokhu kufundisa kusuka kuye onguye onikeza lemithetho kubagcini bomnyango,hatshi ukubana isuka kubagcini bomnyango.

Umntwana ka Nkulunkulu ophilayo esemhlabeni ngalesisikhathi sokwahlulela angadlala indima yakhe yokuba ngumgcini womnyango lapho ethola izixhwayiso zisuka ezwini leNkosi,ebhayibhelini.Libhayibheli elichaza ukubana uNkulunkulu waletha ukwahlulela ngalolosuku olubi lokuvalwa kwamasango ezulu. Lokhu kwahlulelwa kwaphetha umsebenzi ka Kristu wokusindisa izoni; njalo kwakuyikwahlulela okungeze kubonwe ngamehlo enyama ngakho kuyikwahlulela kwangokomoya.Kulesiqiniseko esikhulu ukubana ukwahlulela kwangokomoya okuphezu komhlaba manje kuzoqhubeka okwensuku eziyinkulungwane lamakhulu ayisithupha (1600) bese aphelela ngokuchithwa ngokuphelele kwabangasindisiwe kanye lokuphela komhlaba ngosuku luka October 7, 2015.

ITHEMBA UNKULUNKULU ALIVUMELA ABANTU NGALESI SIKHATHI SOKUPHELELA KOKWAHLULELA

UMBUZO? Manje ,usho ukubana alisekho ithemba lokusindiswa kwabantu?

IMPENDULO. Siyaphinda, kumele sichaze ngokujulile ukubana uNkulunkulu akasasindisi izoni.Uphethile lowo msebenzi.Khumbula ku Johane 9:4 kuthiwa, “buyeza ubusuku lapho kungesebenze-muntu”. UKristu akasasindisi muntu namhlanje ongasindiswe ngaphambilini.

NgokukaLuka 16:21 Naphezu kwakho konke lokho kubekiwe umhosha omkhulu phakathi kwethu nani ukubana abafuna ukusuka lapha baye kini bangekwenze, nabalapho bangaweli kithi.

UMBUZO? Usho ukuthi anisekho nethemba nje?

IMPENDULO. Ngalesisikhathi ithemba elivunywa yibhayibheli yikuthi mhlawumbe uNkulunkulu wasindisa lomuntu engakavali amasango ezulu ngosuku luka May 21, 2011; njalo nxa kuyikuthi lo muntu wayengasi ngxenye yamabandla, njalo wezwa lombiko webhayibheli.Kanjalo bangaba nethemba lokuthi mhlawumbe uNkulunkulu wabahawukela engakavali amasango ezulu. Umuntu onethemba leli enhliziweni yakhe angaya kuNkulunkulu athi,”Oh, baba, sewube waba nozwelo ngaphambili (emva kuka may 21, 2011,) bana nozwelo.”

UMBUZO? Manje ke sithini uma umuntu wayelilunga lensonto?

IMPENDULO.Le yindaba eshiyene.UNkulunkulu waphetha isikhathi samabandla wakhuthaza abantu bakhe ukuba baphume emabandleni. UNkulunkulu ubevele engasasindisi emabandleni okweminyaka engamatshumi amabili lantathu (23) kusuka ngo (May 21,1988 kusiya ngoMay 21,2011),Kanjalo ke noma ngubani owasala emabandleni ngemva kuka May 21 ,2011 akwenzeki ukubana wasindiswa elilunga lebandla.Ngokungokomoya lesi kwakuyisikhathi esibi kakhulu kibo,kodwa kwaba kubi ngokwedlule lapho ukwahlulela sokuqhubeka kusuka emabandleni ngo May 21,2011(emva kwaleso sikhathi ukungabikho kosindiso kwakukhona kuphela emabandleni),kusiya kuwo wonke umhlaba. Lokho kusho ukuthi abantu ababesemabandleni abazanga basindiswe ngesikhathi esihle sokuthululeka kwemvula yokugcina, njalo, manje ngesikhathi sokwahlulelwa, ngeze basindiswe ngoba uNkulunkulu ephethile lolu hlelo lokusindisa.Umthandazo kuphela abangacela ngawo uzwelo yikubana uNkulunkulu asuse isitsha solaka lwakhe kibo.

NgokukaMathewu 26:39 Baba, uma kungenzeka, akudlule lesi sitsha; nokho kungabi njengokuba ngithanda mina, kodwa njengokuba uthanda wena.

UNKULUNKULU USIKHUTHAZA UKUBANA SIDLISE IZIMVU ZAKHE.

UMBUZO? Lobu yibufakazi obuhlupa-inhliziyo, uma uNkulunkulu engasasindisi noma ngubani noma nini, manje lisifundiselani?

IMPENDULO. Ngumbuzo omuhle lowo.Kulezizatho ezingaba zintathu zokuba abantwana bakaNkulunkulu bethande ukufundisana lezi zinto nabanye abantu:Okokuqala uNkulunkulu Ukhuthaza ukubana sidlise izimvu zakhe-okuyikuthi abantu abaningi abasindiswayo ngesikhathi sosizi olukhulu (ixuku elikhulu) bayaphila ngalesisikhathi emhlabeni ngalesisikhathi sokwahlulela. Njengokuba singakwazi ukuthi ngobani njalo lokuthi bakuphi kufanele sinikezane imfundiso le yebhayibheli ngokukhululekileyo kuye wonke umuntu. Into esizifundayo ziqinisekile ezwini leNkosi njalo kuyikuzinikezana lezi mfundiso okusuthisa njalo kudlise lezi zimvu ngokungokomoya.Okwesibili,okokugcina laba bantu abakuzwayo ebhayibhelini yikuthi umhlaka May 21,2011 wayelusuku lokwahlulelwa emhlabeni.Sifuna abakhethiwe bazi ngempela ukubana lolusuku lwalulusuku lokwahlulela njengoba ibhayibheli lichaza.Okwesithathu ,uNkulunkulu Ukhuthaza abantu bakhe ukubana bengathuli nje ,kodwa bakhulume obala ngalezizinto. UNkulunkulu usebenzisa umfanekiso weBabele njengomfanekiso womhlaba ongaphansi kolaka lwakhe.Uthi kuJeremiya 50:

UJeremiya 50:2 Memezani phakathi kwezizwe, nikuzwakalise, nimise ibhanela*nikuzwakalise, ningakufihli, nithi; lBabele linqotshiwe,

Ukuthola ubufakazi obengezwe vakashela:

www.ebiblefellowship.com

www.ebible2.com

http://ebww.net/

Vakashela ikhasi lefacebook

www.facebook.com/ebiblefellowship

Njalo vakashela Ikhasi leYouTube

www.youtube.com/ebiblefellowship1

Ungathumela umyalezo, umbuzo kumbe ingcizelelo ku:ebiblefellowship@juno.com

Kumbe ulobele ku:

E Bible Fellowship

P.O BOX 1393

Sharon Hill, PA 19079

USA